



Isipinashi siyimifino enamacembe. Amacembe aso akhula  
aye ngaphezu komhlabathi.

Ungasidla siphekiwe noma siluhlaza.

Isipinashi siwukudla okuhle kuwo wonke umuntu.


Imifino iwukudla okuhle kakhulu ezimpilweni zethu.



Iklabishi nalo lingolunye uhlobo lwemifino ekhula iye ngaphezu komhlabathi.

Iklabishi lingadliwa liluhlaza kumasaladi noma liphekiwe.

Bonke abantu kumele badle iklabishi ukuze babe nemizimba ephilile.




Izaqathe yimifino yezimpande. Zikhula ngaphansi komhlabathi.

Izaqathe zivame ukuba nombala owolintshi.

Zinikeza ukudla kwethu umbala omuhle.

Izaqathe zenza amehlo ethu ahlale ephilile.



Eminye imifino eyimpande ubhithiluthi. Uvame ukuba nombala obomvu ngokujiyile.

Ubhithiluthi uvame ukudliwa uphekiwe kodwa ungawudla noma uluhlaza.

Ubhithiluthi ugcina izinhliziyo zethu ziphilile.



Amathanga akhula ngaphezu komhlabathi.


Sivame ukulipheka Ithanga. Linombala ophuzi, oluahlaza  
noma owolintshi kanti linezinhlamvu eziningi.

Ithanga lenza imizimba yethu ihlale iphilile.



Utamatisi uthela esihlahleni sawo. Uluhlaza ngombala uma usakhula, bese uba bomvu ngokugqamile uma usuvuthiwe. Umumo wawo uba yindilinga noma ube yiqanda.

Ungawudla uluhlaza noma uphekiwe. Usiza ngezinto eziningi ezimpilweni zethu. Ungaphinde usetshenziswe njengekhambi lokwelapha.



Amazambane anempande ekhula ngaphansi komhlabathi.

Ajwayele ukuba yindilinga abe nesikhumba esinombala  
onsundu kodwa abe mhlophe ngaphakathi.

Kumele uwapheke ngaphambi kokuwadla.



U-anyanisi yimifino ekhula ngaphansi komhlabathi.  
Umhlophe ngaphakathi.

U-anyanisi ungawupheka noma ungawudla uluhlaza  
(kodwa ungabi mningi).

Lolu hlobo lwemfino lusiza ngokuvikela imizimba yethu  
ingangenwa yizifo.